Downloaded from Stanmorephysics.com


## IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A : | Isivivinyo sokuqondisisa | (20) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi | (5) |

2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
3. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.
4. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe emibuzweni.
5. Qaphela upelomagama nokwakheka kwemisho.
6. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo




Akuvumelekile ukukhopisha leli phepha

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**

**UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA**

1.1 Fundisisa (UMBHALO A) ongezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO A(OFUNDWAYO)**

**IZIDAKAMIZWA**

Kukuphi ukuhlakanipha uma umuntu esegxaza amathe, esemehlwana, engasazazi negama lakhe? Busuke sebukuphi lobu buhlakani kumuntu osuke esendwazile nje lapho esebheme izidakamizwa ezingamaphilisi, imijovo nezimpushana ezihogelwayo? Kuhle kogogo bentongela. Abanye baze beklewule bekhaliswa yizinto ezesabisayo bazibona bodwa uma sebebhemile. Kanti zisetshenziselwani uma ungezukuhlakanipha ngokweqile?

Kungabe abantu abadlali nje abashushumbisi bazo izidakamizwa, njengoba phela kunenkolo yokuthi abakhi balo mbulalazwe abawuthinti bona nangengozi? Laba bathakathi bathakatha emini kwabha. Bona baxhaphaza abantu nemali yabo. Eyabo inhloso ukuba yizikhumkane,omacaphuna kusale. Ukuthi kuzokwenzeka njani kulo ofunzwa izidakamizwa, akudokwe eligayelwe bona lelo. Okwabo ukwenza imali ngendlela esheshayo.

Lokhu kuyawulimaza umnotho, ukushintshana ngemali ngokungafanele. Lokhu bakwenza ngokuba bakunike isiqeshana nje esincane sezidakamizwa bhamama noma ngemali ephansi. Emva kwalokho wena uzobe usuzizela. Nenani nalo liyobe selidlondlobele. Lapho-ke awukwazi nokukhononda, ngoba kwampilo yakho isuke isilawulwa yizo izidakamizwa. Ngempela umbulalazwe lo! Awunandaba nekusasa, umelene nezifiso zabazali, umphakathi nomhlaba wonke jikelele. Abenzi balo mkhuba sebafelwa onembeza. Bangosomaqhinga okungelula ukuba babanjwe. Banobuchule obuyisimangaliso bokushushumbisa lo mkhiqizo wabo.

Ungazicabangela nawe ngezihlabani zakithi kwezomculo nakwezemidlalo ezangena zathi shi kulolu gibe. Pho wena awulandeli ngani isiZulu uma siqwashisa ngokuthi indlela ibuzwa kwabaphambili? Yini ufune ukulandela uTomasi waseBhayibhelini?

Downloaded from Stanmorephysics.com


Phela izidakamizwa akulula ukuzilaxaza. Nabazamayo bayashesha ukuphonsa ithawula, inkinga abanayo ingaxazululekile.

Imindeni enabantu abadla lolu bhubhane isuke izalelwe yinja endlini. Imali ayibekwa obala. Iyinyama kulowo odla izidakamizwa. Uma engasayitholi imali, udayisa kwasani okusendlini, uma kungenjalo abambise ngakho. Akube kusaba lula ukumshiya yedwa endlini ngoba useziphendule umkhovu woqobo, isiboshwa sokuzenza. Uma esebhemile omunye angenza noma yini ehlasimulisa umzimba. Izingane ziyadlwengulwa noma zibulawe kabuhlungu. Kuyothi sekudamuke le nkungu yezidakamizwa umuntu aphenduke imvu. Angabe esekwazi akwenzile nokwenzekile.

Abadli nabadayisi bezidakamizwa sebephenduke ophunyuka bephethwe. Balala obenyoni becabanga amasha amasu okuqhamuka nobunyonico obusha. Ubani owayengacabanga ukuthi sekungahlanganiswa umuthi wamagundane namaphilisi asetshenziselwa ukwelapha. Lokhu kuthakwa nokokukhuhla kwamabhodwe kuphume okuthile.

Uyadela owaziyo ukuthi loqhamuka mhla liphumaphi ilanga ikhambi lokunqoba ukudliwa kwezidakamizwa. Batshelwa ukuthi sebesengcupheni yokuya kobandayo basho manje ukuthi “ngabe wonke lawa maliba agcwaliswe ubudedengu bezidakamizwa”. Ubuyiswa kanjani ke umuntu onempendulo ekhombisa ngokusobala ukuthi le ndlela ayihambayo isimuphendule umvemve obanjwe ngoqhotho entanyeni.

Likhona idlanzana elihamba libuyeze esikhungweni sokulungisa isimilo. Abaziyo bathi umuntu akufanele aphoqelelwe aqhutshwe njengembuzi iya kohlatshwa. Kumele kusuke kuye ngaphakathi, yena esevumile ukuthi unenkinga adinga ithonjululwe.
Kuba lula kulabo abamfunela indawo efanele inkinga abhekene nayo ngqo.

Ukubambisana nokulekelelana kubukeka kuyikhambi elingakunqanda ukubhebhetheka kokusetshenziswa kwezidakamizwa.

***UMBHALO WOKUZIQAMBELA***

Downloaded from Stanmorephysics.com


1.1.1 Tomula kube kunye esigabeni-1 okuye kukhombise ukuthi umuntu usebheme izidakamizwa. (1)

1.1.2 Kungani umbhali ethi abantu badlala abashushumbisi bezidakamizwa? (2)

1.1.3 Bala izindlela ezimbili ezisetshenziswa abadayisi bezidakamizwa ekusabalaliseni umsebenzi wabo. (2)

1.1.4 Shono inhloso yombhali ngalesi siqeshana. Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.5 Phawula ngemiphumela eyenziwa izidakamizwa ngokwalesi siqeshana. Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.6 Qhathanisa imikhuba ayaye yenziwe umuntu osengene shi kuzidakamizwa kanye neyalowo osuke esaphila ngaphandle kwayo. (2)

1.1.7 Ngokucabanga kwakho yisiphi isisombululo esingaqeda izidakamizwa emiphakathini? (2)

1.1.8 Phawula ngokusetshenziswa kwamazwi okuvalwe ngawo ekugcineni athi 'ikhambi lokunqanda ukubhebhetheka kwezidakamizwa ukubambisana komphakathi'. (2)

***AMAMAKI_15***

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO

Lesi siqeshana esilandelayo (UMBHALO B) simayelana nokuzibhala umzimba.

**IMIYALELO:**

1. Fingqa lesi siqeshana esimayelana nokuzibhala umzimba usebenzise amagama akho angedluli kwangama-70.
2. Fingqa **ngesigaba.**
3. Ungabe usasibhala isihloko uma usufingqa lesi siqeshana.
4. Bhala inani lamagama ekugcineni kwesiqeshana osofingqile.

**UMBHALO C**

**UKUZIBHALA UMZIMBA**

Siyakhuphuka zonke izinsuku isibalo sabantu abazibhala imizimba. Lokhu kuzibhala kwenziwa umhlaba wonke ngabantu abancane nabadala. Bazibhala kunoma iyiphi indawo emzimbeni. Ziningi izizathu abazibekayo abantu zokwenza lokhu emizimbeni yabo.

Kukhona abazibhala imizimba ngoba befuna ukuthi baziwe ukuthi bangobani. Lokhu bakwenza ngokubhala amagama abo, izithombe zobuso babo, usuku lokuzalwa, inkanyezi yenyanga abazalwe ngayo nomlando wempilo yabo. Abanye bazibhala ngoba behlonipha abantu abangasekho ababalulekile ezimpilweni zabo. Babhala igama noma badwebe isithombe salowo muntu ukuze ahlale eyingxenye yempilo yabo.

Ukuzibhala umzimba kuyisitayela noma imfashini kwabanye. Baningi abakwenza ngoba benzela ukuthi bangadlulwa yilesi sitayela. Emva kwesikhathi abanye bayazisola ngoba basuke bebhale izinto ezingezinhle, ezinye zisuke seziphelelwe isitayela. Umuntu uze afise ukuba wayezibhale endaweni ecashile ukuze lo mbhalo ungabi ingqakambukisa, pho-ke kusuke kungasasizi ukuzisola.

Izibazi emizimbeni yabantu zenza bangayithandi imizimba yabo futhi babe nokuzenyeza ingani phela lezo zibazi zibuyisa ubuhlungu okwabehlela,belimele ngezindlela ezahlukene emizimbeni yabo. Babhala kulezo zibazi ukuze zivaleke zingabonakali. Lokhu kuletha ukuzethemba.

Osaziwayo banemithelela yokuthi abantu bazibhale imizimba. Abantu babukela kubo noma babhale labo saziwayo ababathanda kakhulu. Kuyingozi lokhu ngoba impilo yomuntu ishintsha njalo, kusasa lowo saziwayo angenza into engathandeki bese ubukeka kabi wena onesithombe noma onegama lakhe.

Downloaded from Stanmorephysics.com


Ezinye izinkampani zibhala imizimba yabantu ukukhangisa amabhizinisi azo. Kufanele ucabange ngaphambi kokwenza lokhu noma kuthiwa uzokhokhelwa imali engakanani. Emajele iziboshwa zibhala imizimba ukukhombisa ukuthi zikuliphi iqembu. Kunezinombolo ezizibhalayo ezibanika amandla ukuze zesatshwe ngezinye iziboshwa.

Ukuzibhala kunemithelela emibi empilweni yomuntu, kungakudalela isifo esifana nesomdlavuza wesikhumba. Kulukhuni ukuwususa umdwebo obhaliwe emzimbeni, kulukhuni kunjalo kuyabiza nokuwususa lowo mbhalo. Ingathi ungacabangisisa kahle ngaphambi kokuba uzibhala ukuze kusasa ungabi nokuzisola.

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

## UMBUZO 3: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO C**

### UKUBA SEZIKWELETINI KWABANTU ABASHA

Ngcingci! Ukwazile ukubekezela waze wafika enyuvesi. Manje usuyasebenza usubhekene nezinselelo zokuba uzoyisebenzisa kanjani imali yakho ukuze ubukeke **kahle**. Ubonakala nabangani bakho emakilabhini aphambili ubuye uqashe izimoto ezahlukahlukene kungenasidingo. Kungakho-ke abantu abaningi abasha bakuleli bezithola bengene shi ezikweletini, nakuba sebehola amaholo aphezulu. 5

Kubukeka sengathi abantu abasha bahlala bezimisele ngokwenza konke okusemandleni abo ukuze babukeke kahle. Izinwele, ukuziphaqula, izingubo ezibizayo kanye nokubonakala ezindaweni eziphambili kunikeza isithombe esingesihle sokuthi impilo yabo ayizukuqhubekela phambili uma bekwenza ngokweqile. Intsha ayizifundise **ukwala** ukuthatha ngezikweletu ingabi namahloni alokho. Kuzokumangaza kwawena ukubona ukuthi ungaphila ngaphandle kwesikweletu. Okunye ofanele ukuthi ukwenze ukuba uhlele kahle ukusetshenziswa kwemali, uzibophe ngebhande. **Okungekho ebhajethini yakho, ungakuthengi ngisho noma ukuthanda kangakanani.** 14

Ekugcineni indima edlalwa umeluleki wezezimali ezinhlelweni zokonga akufanele ukuba ibukelwe phansi. Uma ube nenhlanhla yokuphuma kulolu gibe ungabe usabheka emuva ungaze uphenduke isiduli sikasawoti njengomkaLoti. Kunzima kakhulu ukufeza amaphupho akho ngaphambi kokuzakhela uhlelo oluhle lokusebenzisa imali. 20

Downloaded from Stanmorephysics.com


3.1. Tomula igama eliqukethe umuzwa wenjabulo elitholakala kulesi siqeshana. (1)

3.2. Kungabe igama elibhalwe ngokugqamile elisesigabeni sokuqala lenze msebenzi muni? (1)

3.3. Phinda ubhale kabusha igama elidwetshelwe elisemgqeni wesi-4, usebenzise ubhalomagama olusemthethweni. (1)

3.4. Emshweni odwetshelwe emgqeni wesi-6 kuya kowesi-7 khipha ingxenye ekhomba isizathu. (1)

3.5. Tomula inkulumo eqhathanisa izehlakalo nenkolo esigabeni sokugcina. (1)

3.6. Igama elibhalwe ngokugqamile elitholakala emgqeni we-10 lingumabizwafane.

Incazelo yaleli gama lingahambisana nomqondo ongezansi osho …

a. ukunqaba ukwenza into.
b. ukuqala indima ozoyilima.
c. ukuhlakula insimu ngemikhono.
d. ukuhlukana nomuntu omthandayo. (1)

3.7. Sebenzisa isimo sokukhuluma esifanele esikhundleni salokhu okudwetshelwe omgqeni we-14. Phinda uwubhale lo musho. (1)

3.8 Yakha umusho usebenzise igama elidwetshelwe emgqeni wokugcina selikhomba umqondo wokwenzela. (1)

3.9 Khipha igama eliwumfakela elitholakala emshweni obhalwe ngokugqamile. Phinda ulisebenzise leli gama emshweni ozakhele wona. (2)

***AMAMAKI ESIQEPHU C= [10]***

***AMAMAKI ESEWONKE=35***

Akuvumelekile ukukhopisha leli phepha